



Cambridge IGCSE™

ISIZULU AS A SECOND LANGUAGE

0531/02

Paper 2 Listening

October/November 2023

TRANSCRIPT

Approximately 35–45 minutes

This document has **10** pages.

English voice:

Cambridge Assessment International Education

Cambridge IGCSE

November 2023 examination in isiZulu as a Second Language

Paper 2 Listening

Turn over now.

PAUSE 00'10"

SIGNAL

Female isiZulu voice:**Umsebenzi 1**

Lalela inkulumo eyethulwa ngumqondisi wemnyuziyemu yase-Sea Life ngesikhathi emukela iqembu lesikole.

Phendula imibuzo elandelayo ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini elifanele eliseceleni kwesitatimende ukukhombisa ukuthi siliqiniso noma akusilo iqiniso.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Uzonikezwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

PAUSE 01'00"

* SIGNAL

Male isiZulu voice:

Sanibonani nonke ntambama. Ngicabanga ukuthi ngibona ubuso obuningi phakathi kwenu engibujwayele ngesikhathi nisivakashele nyakenye futhi ngiyajabula ukuthi isikole senu siphinde sabuya sazochitha usuku emnyuziyemu yase-Sea Life. Namukelekile nonke kakhulu.

Manje, ngicabanga ukuthi nizobona umehluko omkhulu, ngoba sibe nonyaka omatasa kakhulu, futhi manje sinamagumbi nemibukiso eminingi lokho okungenza ukuthi uduke kalula! Ophikweni lwethu olusha – umnyango ulapha nje eceleni kwami – nizothola ukuthi sisanda kufaka uhla oluthokozisayo lwezibonisi kanye nocwaningo okwenziwe ngobuchwepheshe bekhompyutha eningakujabulela. Futhi, sicela niqiniseke ukuthi nehlela egumbini elingaphansi. Yilapho enizothola khona i-akhwariyamu. Siyaziqhenya kakhulu ngale ntuthuko – yakhokhelwa uMnyango Wezemfundo kucatshangelwa abantu abasha, futhi kuhloswe ngayo ukukhombisa ukwehlukahlukana okumangazayo kwempilo ongayithola olwandle kude nje nasogwini lwethu. Uma uvakashela i-akhwariyamu, thatha isikhathi sakho ubuka izindonga zengilazi – awazi ukuthi yini ongayibona ibhukuda lapho, kanti ezinye zezinhlanzi – noshaka – kungakuthusa!

PAUSE 00'05"

Manje, abasebenzi basemnyuziyemu bakulungisele amaphepha omsebenzi ozowagcwalisa ngesikhathi sokuvakasha kwakho – kodwa ngicela ungawabuki njengomsebenzi wesikole oyisicefe!

Awuphoqelekile ukuwagcwalisa – kepha azokusiza ukuthi ukhumbule okubonayo lapha namuhla, futhi wonke umuntu okhetha ukuwagcwalisa uzothola into ezoba yisikhumbuzo sale ndawo mahhala.

Niyabona, ukongiwa kwemvelo kuncike ekuxhumaneni... Ngakho-ke ngemuva kokuvakasha kwenu, kufanele nitshale imindeni yenu nabangane, empeleni wonke umuntu enimaziyo – nibaxwayise ukuthi ulwandle luyindawo enhle nejabulisayo, kodwa ngaphezu kwakho konke, luyindawo entekenteke. Sifuna yonke imindeni yezivakashi zethu ezincane yazi ukuthi ulwandle luyanakekelwa.

PAUSE 00'05''

Ngakho-ke ngiyacela ukuthi ningayicabangi le ndawo njengomnyuziyemu ogcwele izinto zakudala – leli yiwindi lomhlabakazi oluhlaza lana nje eduze kwedolobha lethu. Izitshalo zasolwandle nezilwane enizibonayo lapha zihlala nje laphaya manje, ngaphandle kolwandle! Khumbulani lokho: futhi uma nibuyela esikoleni, qinisekani ukuthi nigcwalisa amafomu emibuzo othisha benu abazoninikeza wona, azosisiza ukuthola ulwazi lokuthuthukisa imnyuziyemu ukwenzela ukuthi nisizakale uma nizovakasha futhi! Ngiyanibonga nonke, futhi nibe nosuku oluhle. **

Female isiZulu voice:

Uzophinde uyizwe okwesibili le nkulumo.

REPEAT FROM * TO **

PAUSE 00'20''

Female isiZulu voice:

Umsebenzi 2

Lalela le ngxoxo phakathi komsakazi wezinhlalo zomsakazo kanye noThandi Tshabalala 'Intokazi yobuciko bamatshe'.

Phendula umbuzo ngamunye ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini eliseceleni nempendulo ocabanga ukuthi yiyona yona, u-A, u-B, u-C noma u-D.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikezwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

PAUSE 01'00

* SIGNAL

Male isiZulu voice:

Nkosazana Thandi Tshabalala, usuvele waduma ngokuba nobuciko bokupenda izilwane ezinhle, ezinjengeziphilayo ematsheni. Ungothandiweyo kwi-inthanethi njengoba unabalandeli abangaphezu kwezinkulungwane eziyikhulu. Uqale kanjani?

Female isiZulu voice:

Kwakungemuva nje kokuphuma kwami ekolishi. Ngelinye ilanga ngangizihambela ngasemfuleni. Ngithe sengiya ekhaya ngakhahlela itshe elincane ngephutha. Ngalibukisisa labonakala lingikhanga, lalibukeka njengesilwane kancane, kodwa ngangingazi ukuthi kungani linjalo.

Male isiZulu voice:

Lalinombala onjani?

Female isiZulu voice:

Hho! Lalinombala ofana nawo wonke amanye amatshe nje, akukho okwakukhethekile ngalo. Kepha ngalithatha ngalibamba ngesandla ngezwa ukuthi ngidinga ukuhamba nalo ngiye ekhaya ngiyolipenda.

PAUSE 00'05"

Male isiZulu voice:

Wapendani phezu kwalo?

Female isiZulu voice:

Ngenkathi ngilipenda, laqala ukufana nonogwaja omncane, ngawuqedela kanjalo ke umsebenzi wami.

Male isiZulu voice:

Ngabe ukhetha ukupenda izilwane ezincane, ezithandekayo?

Female isiZulu voice:

Akunjalo. Kuya ngokuthi ngizwani ngokungaphakathi kwetshe. Kungaba kuncane njengesinambuzane, noma kube kukhulu njengendlovu kodwa kufanele kube yinto ephila ngokukhululeka kwimvelo.

PAUSE 00'05"

Male isiZulu voice:

Ufundele ukuziphilisa ngokuthwebula izithombe, akunjalo?

Female isiZulu voice:

Yebo, nganginothisha abayisimanga, futhi ngangihlale ngicabanga ukuthi ngizogcina sengisebenzela izinkampani zamaphephabhuku. Angikaze ngiphuphe ukuthi ngizophumelela ngokwenza lokho okungijabulisayo kakhulu, ukupendela abantu izithombe emhlabeni wonke jikelele.

Male isiZulu voice:

Ngitshelwe ukuthi awukaze ukhangise, kepha ubeka izithombe zamatshe akho ekhasini lakho le-facebook...

Female isiZulu voice:

Yebo. Abantu bayangithinta bese bechaza ukuthi kungani befuna ukuthenga itshe, futhi uma ngikuthanda abakushoyo, ngiyabavumela balithenge.

PAUSE 00'05"

Male isiZulu voice:

Kungani wenze njalo?

Female isiZulu voice:

Empeleni lokho kuqondene nami uqobo. Igalari yaseKapa yayifuna ukungidayisela amatshe ami kepha nganqaba, ngoba ngangingeke ngazi ukuthi amakhasimende anjani, nokuthi ayazikhathalela ngempela izilwane ezisetsheni.

PAUSE 00'05"

Male isiZulu voice:

Kuyiqiniso yini ukuthi wonke amatshe athengisa ngemizuzu? Kungabe abantu bayakucela ukuthi ubapendele izilwane?

Female isiZulu voice:

Bayakwenza futhi kwesinye isikhathi baphinde bangithumelele amatshe – amahle avela olwandle – kepha mangisho nje, lawo matshe angiwezwa elungile. Ngingapenda kuphela lawa engiwatholile. Ngihamba ngiye esigangeni nenja yami, futhi ngihlala ngivule amehlo. Kwesinye isikhathi ngibona itshe elingikhumbuza isilwane esithile, uma ngilibona kanjalo ngiyalithatha ngiye nalo ekhaya ngenze lesi silwane siphile.

Male isiZulu voice:

Yebo, lezi zilwane zigcwele impilo ngempela, kuyamangalisa. Nkosazana Thandi Tshabalala, ngiyabonga ngesikhathi sakho. **

Female isiZulu voice:

Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

REPEAT FROM * TO **

PAUSE 00'20"

Female isiZulu voice:**Umsebenzi 3**

Lalela ingxoxo phakathi komsakazi kanye nomseshi wezimbali u-Joshua Shimbuli.

Gcwalisa amanothi alahlekile ezikhaleni ngesiZulu.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikezwa ithuba lokufundisisa kahle imibuzo kuqala.

PAUSE 01'00"

* SIGNAL

Female isiZulu voice:

Manje sazi kahle kamhlophe sonke ngokwenzeka ezilwaneni zethu ezinkulu zasendle lapha eNingizimu Afrika. Nokho izitshalo azinakiwe futhi abantu bavame ukungazikhathaleli kangako – kepha namhlanje estudiyo sino-Joshua Shimbuli, iphoyisa eliphezulu elibuye libizwe ngomseshi wezitshalo.

Mseshi Shimbuli, kungani bekubiza kanjalo?

Male isiZulu voice:

Yebo, ngathola lesi siteketiso ngoba ngingumseshi kanti futhi ngine-diploma yesayensi yezitshalo.

Female isiZulu voice:

Kungabe uzimisele yini emsebenzeni wasengadini?

Male isiZulu voice:

Cha, mangisho nje ukuthi anginaso isikhathi, kodwa noma kunjalo, ngacelwa ukuthi ngibhekane nenkinga ethile.

Female isiZulu voice:

Kahle hle iyiphi leyo nkinga?

Male isiZulu voice:

Uyazi ukuthi uJulayi manje, kanti ngenyanga ezayo yinkathi yezimbali e-Namaqualand?

PAUSE 00'10"

Female isiZulu voice:

Yebo kunjalo...

Male isiZulu voice:

Ngakho-ke izivakashi ezivela kuwo wonke umhlaba zizothleka e-Namaqualand, ukuze nje zizobabaza izimbali zethu zohlobo.

Female isiZulu voice:

Yiqiniso.

Male isiZulu voice:

Hhayi, azizi nje ngoba izimbali zizinhle – kunezimbali ezinhle yonke indawo – kepha ngenxa yokuthi izinhlobo zethu eziningi zomdabu – ze-cacti kanye nama-*succulent* ikakhulukazi – zimila kuphela e-Namaqualand. Isimo sezulu salapha esomile sinzima impela – kepha ngaphezu kwezinkulungwane zeminyaka uhla olumangalisayo lwezitshalo zasogwadule luye lwajwayela ukuphila kule ndawo – hhayi kwenye indawo. Kuyisimangaliso sempilo.

Female isiZulu voice:

Yini pho inkinga?

Male isiZulu voice:

Yebo, izivakashi eziningi ziphindela emakhaya nezinkumbulo zezikubonile namakhulu ezithombe zokuzikhumbuza ngobuhle ezibubonile. Kodwa ezimbalwa zizenza izivakashi ezijabulela izimbali, zibe zihlose ukweba ezinye zazo – hhayi ukuzigcina, kepha ngoba zifuna ukuyozithengisa ezimakethe phesheya ngokungemthetho. Leli yibhizinisi elinenzuzo.

PAUSE 00'10"

Female isiZulu voice:

Bangakwenza yini lokho?

Male isiZulu voice:

Kalula nje. Ezinye zezitshalo zincane kakhulu kabi – azizinde ngisho kunocikicane wakho. Lezo zinhlobo ezincane yizona ezivame ukufunwa kakhulu ngabazingeli bezitshalo ngokungemthetho futhi bahlose lezo eziyimvelakancane. Kepha sesibambe ezinye izigebengu esikhumulweni sezindiza ezaziphethe izitshalo ezingaba imitha ubude!

Female isiZulu voice:

Ngeke yini abanye abantu babe nokuthi ukutshala lezi zitshalo kwezinye izindawo kuyindlela yokonga imvelo?

Male isiZulu voice:

Ngumbhedo lowo! Abazingeli bezitshalo ngokweba abakaze babe nemvelo emqondweni. Ngumdlalo wemali! Ubugovu nje! Yinhlekelele! Izitshalo abazintshontshayo azizinhle kuphela – imvamisa zisengozini yokuqothulwa ziphele nya lapha e-Namaqualand. Into ebanga usizi kakhulu ukuthi izitshalo eziningi eziyimvelakancane ezishushumbisiwe zivame ukufa kulolo hambo.

Female isiZulu voice:

Manje kungabe kuphambene nomthetho yini?

Male isiZulu voice:

Kunjalo! Ukuqoqa imbewu, ukusika noma ukuthatha isitshalo sonke kuyicala eliwubugebengu. Lapho sibamba abashushumbisi bezitshalo sibabopha, bavame ukuhlawuliswa izinkulungwane ezimbalwa zamarandi bathole ngisho nerekhodi lobugebengu. Futhi abaphinde baphule umthetho bangaze bagcine besejele.

PAUSE 00'10"

Female isiZulu voice:

Ngempela! Kungabe niyababamba yini abaningi?

Male isiZulu voice:

Impela siyababamba! Kepha sisadinga usizo olwengeziwe emphakathini, ngakho-ke nasi iseluleko kubo bonke abalaleli bakho: uma usola ukuthi othile uzama ukushushumbisa izitshalo ehhotela lakhe noma ngaphandle kwezwe – uma ubona noma yini oyisolayo – kufanele ushayele le nombolo - 080 492 8291.

Zama ukuqaphela uthathe nesithombe salelo sela, uma ungakwazi nje ukwenza lokhu ngemfihlo. Ungalokothi uzame ukubhekana ngqo nalaba bantu. Khumbula ukuthi ungabe ubhekene nezigebengu ezinolwazi.

Female isiZulu voice:

Kuyajabulisa lokho ngempela. Bengingazi ukuthi lena yinkinga enkulu kangaka. Ngiyabonga!

Male isiZulu voice:

Nami futhi ngiyabonga ngokungimema kulolu hlelo, nangethuba lokwazisa abantu. **

Female isiZulu voice:

Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

REPEAT FROM * TO **

PAUSE 00'20"

Female isiZulu voice:**Umsebenzi 4**

Lalela ingxoxo phakathi komsakazi kanye noThabisa ongumpetha wezokulala bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi ngesiZulu.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikezwa ithuba lokufundisisa kahle imibuzo kuqala.

PAUSE 01'30"

* SIGNAL

Male isiZulu voice:

Thabisa, ungumpetha wezokulala kahle. Sonke sidinga ukulala, ngakho-ke ungasinikeza eyakho imibono yokuthi zingaxazululeka kanjani izinkinga zokulala.

Female isiZulu voice:

Okokuqala, asidingi nje ukulala – imvelo yabantu incike ekulaleni ubuthongo, manje inkinga ukuthi iningi lethu alikutholi ngokwanele. Futhi ngicabanga ukuthi asilali ubuthongo ngesizathu sokuba nengcindezi kulezi nsuku.

Male isiZulu voice:

Yini esingayenza ukuze silale kahle?

Female isiZulu voice:

Okokuqala, yizinga lokushisa! Nali isu elihle – geza ngamanzi afudumele, kuzothi lapho umzimba wakho uphola emva kokugeza, lokho kuzothumela umbiko engqondweni yakho ukuthi uyolala.

PAUSE 00'10"

Male isiZulu voice:

Izindlela zokuphefumula zona zinjani?

Female isiZulu voice:

Hhayi-ke, kunezindlela ezithile zokuphefumula ezivela ku-yoga, kodwa ngizamile kaningana, zithatha isikhathi esiningi ukuzifunda – uma uzenza kahle! Kepha into elula ongayenza ngaphandle

kokuzikhandla ukuthola ukwehlukahlukana kokukhanya empilweni yakho yansuku zonke. Phumela ekukhanyeni kwelanga kwemvelo ekuseni kakhulu. Ngenkathi usuyolala ebusuku, yenza igumbi lokulala libe mnyama ngempela – bese usebenzisa amakhethini ukuvala ukukhanya kwasekuseni uze ulungele ukuvuka. Lokho kuzothuthukisa ukukhiqizwa kwe-*melatonin*, i-*hormone* ebalulekile yokulala.

Futhi ukuba nohlelo lokulala kuhle. Ukulala ngesikhathi esifanayo usuku ngalunye kuhlela iwashi langaphakathi kwakho. Lapho umzimba wakho usujwayele, kulula ukulala ngesikhathi esifanayo nsuku zonke.

Male isiZulu voice:

Uma ngivuka ebusuku?

Female isiZulu voice:

Yebo, lokho kuvamile impela! Kodwa-ke, ungalinge, noma ngabe yini oyenzayo, ubheke iwashi – uzoqala ukhathazeke ngokuvuka! Uma udinga iwashi le-alamu, libeke ekudeni lapho okungeke kube lula ukufinyelela kulo – ngakolunye uhlangothi lwegumbi. Futhi-ke ukusebenzisa izinto zobuchwepheshe ebusuku kakhulu kubi uma kufanele ulale, ngakho-ke beka iselula yakho eceleni kwewashi.

PAUSE 00'10"

Male isiZulu voice:

Isithongwana sasemini sona?

Female isiZulu voice:

Yebo, kunemibono ehlukehlukeni ngalokho. Olunye ucwaningo lukhombisa ukuthi ukulala emini kungaholela ekuqwasheni ikakhulukazi ebantwini asebekhulile. Kepha abanye baphakamisa ukuthi ukulala emini akunamthelela ekulaleni kwesikhathi sasebusuku. Ukudla mhlawumbe kubalulekile kakhulu.

Uyabona, ukudla okudlayo ngaphambi kokulala kunomthelela ekulaleni kwakho. Kuthatha amahora ama-4 ukugaya ukudla okukhulu, ngakho-ke balisisa – kufanele wazi ukuthi ukudla nini ukudla kwakusihlwa. Futhi qaphela ukuthi udlani! Yize ukudla okunesisindo njengephalishi kungakwenza ulale ngokushesha, kodwa kungakwenza ungabi nokulala okunokuphumula. Kunalokho, ofanele ukudle ekugcineni ukudla okulula. Kuzokunikeza ubuthongo obumnandi.

Male isiZulu voice:

Mina, ngithanda umculo embhedeni.

Female isiZulu voice:

Nakuba ucwaningo lwakamuva lwabantu abasha lubonise ukuthi umculo ozothile, omnene ukhuthaza ukulala ubuthongo kodwa uma ungibuza, kungcono ukufaka ama-*earplug* kunama-*earphone*, uvimbe wonke umsindo. Ukuthula kubalulekile.

PAUSE 00'10"

Male isiZulu voice:

Ukuzivocavoca umzimba kona?

Female isiZulu voice:

Kunenzuzo, kepha qaphela ukuthi ungakwenzi ngokweqile. Isikhathi sosuku sokuzivocavoca naso sibucayi. Isibonelo, ukuhamba ngesivinini ekuseni kuhlala kungcono kunokuzivocavoca ngaphambi kokulala, okungakwenza uqwashe futhi uhlale uphapheme.

Male isiZulu voice:

Manje-ke, yini into yokugcina oyenzayo ebusuku?

Female isiZulu voice:

Kungenzeka ungakukholwa lokhu, kepha ngibhala idayari yami. Futhi ngithola ukuthi njengoba ngisuke ngicabanga ngosuku ngivame ukuzumeka ngilale nalo ipeni lami esandleni.

Male isiZulu voice:

Thabisa, kuhle lokho. Ngiyabonga – manje ake ngiyolala kancane. **

Female isiZulu voice:

Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

REPEAT FROM * TO **

PAUSE 00'30"

SIGNAL

Female isiZulu voice:

Kuphela lapha ukuhlolwa.

English voice:

This is the end of the examination.

Permission to reproduce items where third-party owned material protected by copyright is included has been sought and cleared where possible. Every reasonable effort has been made by the publisher (UCLES) to trace copyright holders, but if any items requiring clearance have unwittingly been included, the publisher will be pleased to make amends at the earliest possible opportunity.

To avoid the issue of disclosure of answer-related information to candidates, all copyright acknowledgements are reproduced online in the Cambridge Assessment International Education Copyright Acknowledgements Booklet. This is produced for each series of examinations and is freely available to download at www.cambridgeinternational.org after the live examination series.

Cambridge Assessment International Education is part of Cambridge Assessment. Cambridge Assessment is the brand name of the University of Cambridge Local Examinations Syndicate (UCLES), which is a department of the University of Cambridge.